Chiefs Mortuary rights, types of medicine and miscellaneous items K13/21 ~~29½~~.

s713 (H4) [1b] K13/21 ~~HM~~3/21 of Zulu custom. F. M. Vilakazi 1/30

1. Iziɓongo zenkunzi

1. Uthi lwe mpundu lwakwa Mnyathi

2. Oɓeluhlala izikhova,

Aɓeluhlala emaweni

Luphila ngamandoda, inyama, namathambo emaweni,

Ususa amadoda phansi, ayaphezulu,

Umlalanyathi, wangange mifula,

Ubukudisa aɓantu esizeɓananeni

Ize, ɓashona nezenjotshana zaɓo;

Umsuka wezulu eliphezulu

Usompompo odlela endleɓeni eyendlovu

Unyakawumbe, uzodlela kweye ngonyama.

uSoketha ɓahle na semnyameni,

Odla izinkomo zidla oɓonjeni zingawi,

Izulu laduma kwawa amawa.

Izinyamazane zamawe zemuka ngemikhondo.

Lidume kwa Ceza kwaveva amandoda,

Izalukazi zaswela imigede yokuɓaleka.

2. Ugwayisa iziziɓa,

Isilo esikhala ehlungwini kwa Mlambo

Isilo esidla umuntu, inxe imlinde.

Usihlangu siɓukelwa undiyaza,

Ugogodi ozihluzayo,

Umkoni una magaɓela amanxeɓa.

Umzimbu unaɓenge lazitha,

ufinyeza amadoda agodola.

Usingango ndaɓa ngiyesaɓa,

U Hamu njenge ndlovu

U puza aluhlaza amagawugawu,

Ngiyesaɓa uyesaɓeka,

Umlalanyathi kwasha iziziɓa,

Inkunzi ezungeze umhlanga kamenzi ka ndaɓa.

Isihogo, kwaduma, kwaqasha amalangaɓi.

Inkunzi elala namadoda phansi.

MEM /Inkunzi..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkunzi umlala - nyathi.
Umhlo ngiyawesa6a anjenge langa6i,
Inkunzi engalwe nankunzi.
Ibodle kwathula izigodi nemifula,
Umlalanyathi alala amadoda.

3. 6u6ula malale hlane,
Washo uvenzi unonyanda.
Umaqumba ziqaleke,
Ukweje ngiyamesa6a.
Khonkhotha mamziwa,
Okhonye kwathula izigodi,
Uzwakale ukuthatha kokusa.
Uzwakale kwama6ili, wezwakala lishona,
Usala zili6ele,
6uya nogo6edu 6amloyile,
Umalalankundleni kwezwakala.
Unoduma za6uya ehlane,
Umhuqa o6uye nenkomazi,
Ngokwesa6a, ngo6a enesekwele
Inkunze mnyama ngiyayesa6a,
Za6uya zi6uye kungenkathi.
Uthwasisa ihlo6o, udume lana
Okhonya ezinkangala laduma izulu
Uwezi unonyanda umga6adeli,
Oga6athele izinkudla zonke,
Umnyathi ongozingozi,
Umaqumba zaqaleka.

4. Swasho ukleklevu lwezinhla6athi,
Umanyathi olwa neziduli.
Umanyathi ulwa nezindonga,
Uthulani 6afana nizo6ona,
Usigu6udu umhuqa.
U Dube elimtende, ka Silwane.
Ithole elihle ngamandla ku Mabengela,

/Inzima..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Inzima lemnyama elingukwena.
Ngimfanisa nendlela evundlayo,
Emithi ngimfanisa nenyathi.
Inyathi yehlanze nenkangala.
Uma6u6ula thula sizwe,
Ngizwile izigodi zulu, uthina,
Lizwakele inyathi zulu,
Umalala enkundleni,
Uthulasizwe zulu, khala nyathi,
6u6ula sihlangu samadoda.
Inkunzi emaga6ela amnyama,
Inkunzi emaga6ela a6omvu.
Ilebe eleqa amanye amalebe,
Ilebe ngokukhalipha.
Uda6ula amazwi, ngezwi.
Vuka zulu si6use, izizwe zonke.
5. Uzulu laduma o6ala
Lapha kunge ntuli o6ala
Usiguqa esizifulele ngameva
Emuzileni wezinkomo zenkosi,
Usitunga amadoda ehlezi
Usi6ulali akashiye lutho "Zulu"
Umafulela akwanetha "Nda6a"
Ithunga eliga6a lengazele.
Iqalashu lathi ukuvuka lakwela enta6eni,
Usinhlenhle ngo6uso uyesa6eka,
Unjenge nyathi yamahlathi,
Uthole lidla liguqile,
Sikithi! Sikithi! Sikithi!
Uthuli nqo! kwashunqa uthuli nqo!"
6em6edu nkonka ecela kwezinde izizi6a;
Mzaca okhomba ngazo zonke;
Uhlehla nyovana kunzima Zulu.
Unohashula, anuhashule,

/Masiphusiphu.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Masiphusiphu zasiphuka iziqu,
Iziqu zotshani nemithi,
Inyathi emnyama, umalele ndle.

6. Izi6ongo zenkomazi

Khala nkomo yaso ndini,
Kala nkomo kazulu,
Zo6uya nsengakazi.
Dodovu, ubebe ubembedu,
Nkomo elo6ola ngegazi lama 6utho.
Gali, gazi liligugu kwazulu,
Inkomo ekhala emaweni, kwahloma uZulu,
Nondidwa, gugu lezizwe.
Nkomo, mfela izwe.
Nami 6engezozi khalela, zulu.
Thuthiwa lwenelisa uZulu ephelele.
Unkomo zavusa imzila emdala.
Ngo6a zavuswa, wavuka uZulu.
Ziyaku6uya Zulu. Themba lenkosi
Nkomo emenyezwa izala,
Wathi, ningayi hla6i leyo nkomo,
Ningayihla6i nim6angile uZulu,
Iyakunilandela emdala imlando,
Imilando yokhokho,
Khala nkomo, kazulu ziyo6uya.
Uzitho zimagwegwe,
Ngokugwegwa kwa6a kayise,
U6uhle 6akho ngiya6esa6a.

7. 6ebezela ziyo6uya,
Kuzwakele mahlola impi,
Wena oqatha amadoda,
Uwaqathe qede wanyamala.
Gwansa nkomazi yakwethu.
Uzulu ulidela, a6antwana 6ayahleka,
Izalukazi namakhehla 6anambitha u6ala
Gwansa somgwansanse,

/Insengakazi.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713 K13/21

Insengakazi esidwa umkhaба,
Ukhaба owayoyodwa;
Бafana phumani namathunga,
Бafana бuyisani amathole,
Thula nkomo kazulu, kuzwakele
Khala nkomo ka Ndaба, siphele,
Nsusa zikhali siliбele,
Uzulu uyahloma.
Luzwakele, izwe, kwasha amathe,
Impi yaphuma, ukuphuma kwayo,
Khala, makhalase,
Khala nkomo kazulu,
Lafa, labuba izwe.
8. Ngqwaба, ngqwaба!
Yemuka, yemuka nayo,
Uyi yenga ngani na?
Ngqwaба, ngqwaба!
Yemuka, yemuka nayo,
Uyiyenga ngani na?
Oбikwa emanxulumeni,
Weziwa yizozonke izizwe,
Inkomo ekhala emntonjani,
Yakhali, yalila, laduma izulu,
Nga Osididi sa onina,
Oбikwe kwaliwa,
Oбikwe kwathokozwa,
Waбekwa ukuthandwa.
Liyaku phangela nkomo ka Zulu,
Nkomo ezixotshwa amadoda,
Zeqiwa intulo ye mpungazana.
Mo! lila khala nkomo ka Zulu.
Lafa izwe lawo бaбa,
Yewuka amathunzi ayewukela,
Amathole alambile,
Amankonyane asemangele "Zulu"

/Khala............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21



s713

Khala nkomo kazulu.

9, Lalela lawo muntu omemezayo!

Umemeza uyalila!

Lalela lowo muntu omemezayo ngenzansi!

Umemeza uthini na?

Uya lila.

Ukhalelani na?

Zipholo zimgxala njenge zigxo6o,

Mondli wezintandane,

Ukhalela izinkomo.

Uzikhalela njena ezakhona?

Loku ezenkosi, um6ulalazwe?

Khala nkomo ka Zulu ungathuli

Ojame ngomkonto, enkudleni,

Nangezimpondo, ziyesa6eka,

Nani zulu ningamuthinti,

Ningamhla6i,

Nothi ningamhla6a,

Kho6a senihla6a uZulu ethule,

Zipholo zimgxala.

Mondli wezintandane,

Khala nkomo kazulu,

Khalela izinkomo zakini,

Zipholo, mpophoma, mavulela.

10. <u>Inyoni uthekwane.</u>

Thekwane zilu6a ezimadluba,

Tenjane enesiqova,

Zi6uke thekwane nyoni yamasoka,

Zi6uke thekwane nyoni yezulu,

Nozilu6a ukhala uthini.

Mhloli wemihlolo kunjani na?

Amasoka kona kele Zulu,

Mhlola mini na lena,

Thunywa, mathunywa,

/Lethwese.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lethwese nemhlolo thekwane,
Nyoni enga6onwa,
Thekwane kanozilu6a
Insundukazi embele luzica,
Impumputhe ezala a6anemehlo.
Indoda eyehla kalukhuni emzini
Wamanye amadoda.
Amadoda osala ekexe imilomo,
Ngo6a, umathunywase,
Wedla kusale um6ani.
Uxwayisa amadoda,
Nozilu6a nozilu6a, nono lamanzi,
Umazi6uke kwezinde izizi6a.
11. Nyoni engadliwa, izinyoni zidliwa,
Luthuthiwa lwezulu,
Laduma o6ala,
Laduma kwawa imithi,
Laduma kwaphela imizi,
Imizi, imizi yamadoda.
Thekwane kanozilu6a,
Insundukazi embele luzica,
Ezinye zimbele uthambile,
Impumputhe ezala ezihlakanipha.
Impumputhe ezala a6anamehlo,
Indoda eyehla kalukhuni,
Yehla, yehlela, umzini wamadoda,
Yehla, yehla kalukhuni emzini.
Emzini wayo, emzini wamadoda.
Kuyofa a6antu kusale izi6ongo,
Izi6ongo ziyosala zi6a lilela,
Zi6alilela emanxiweni.
Thekwana nozilu6a,
Kuzwakele ukulila,
Yathi, "bu" indlovu, kwathi nya!

/Yathi.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Yathi, "bu" indlovu, kwathi nya!
Kwaphuka amagatsha emithi.

12. Ephuka kwathi nya!
Uya 6ona izidindi zemithi,
Zizawu beka phezulu!
Ziyauthi ziphenduka afa amadoda!
Ye6uya thekwane!
Nyoni engathandwa!
Wawu6ulala umzi wamadoda.
Ye6uya thekwane
Ye6uya nozilu6a,
Wa6ulala amadoda,
Wangenisa izulu na?
Wangenisa ukufa oku6i na?
Wangenisa aphela amadoda?
Lesi isi6indi esingaka na!
Thekwane nozilu6a, lu6a!
uSifudumezi sa manzi atshisayo!
Unongalo asiphotshwana!
Unoziccolo njengo ukehli;
Inkone evele ngo6uso laduma!
Thekwane nozilu6a,
Nkenketha sizwe,
Unkenketha ehlo6o kuzwakale,
Mpumputhe ezala izihlakaniphi.

13. <u>Ingomfi (Izi6ongo)</u>

Unobokodo umasidwa sisila!
Umahlokohloko,
Inyoni yamasoka,
Unodela unina,
Ukhala zome, izinyembezi;
Gege ngahleka masiphula.
Nsulansula isikizelayo,
Duduza izinhliziyo ezililayo,
Dlula memeza wedwa,

/Dlula..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Dlula 6embekile,

Gweje a6ovu,

O6ovu njenge ntolwane,

Menelisi wezinhliziyo.

Zamasoka nezintombi,

Bibi zela nyoni yezulu

Uzwakele ukukhala,

Ukhala ezinkangala

Ukhala emaweni.

Ukhala emfudlananeni

Wakhala ezigodini kwasha.

Nondidwa uzwakele,

Duduzele dudu wezinhliziyo.

14. Usoqili!

Iqili lakwa nodudu

Ehlilela umuntu, limyenga ngenda6a.

Lilila kwaduma ngesezinyangeni,

Umshefuzi wezinda6a,

Oshefuza ezincane, nezinkulu,

Ubuku lwezinsizwa,

Olu6amba izihliziyo.

Inyoni ekhaya yodwa

Yakhala ezinye zithule;

Izulu eliduma emvakwezindlu,

Laduma lazithatha izintombi;

Adla amasoka, nezishimane,

Adla amakhehla, akwa6a lutho,

Inkelenkele uthetha amanga,

Angali thetha iqiniso, 6enama;

Nhliziyo emila amehlo.

Ngo6a uyithemba lethu,

Ududuza izinhliziyo zethu,

Nyoni encane unodumo,

Unodumo komama no6a6a,

Unodumo kwancane,

/Unodumo............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Unodumo kuzinsizwa nezintombi
15. Nogcagca,
Ogcagca emagcekeni.
Vemvane angilwazi,
Vemvane ngiyalwesaɓa,
Uvemvane lwehla emzini wamadoda,
Lwehla kanzima phezulu yasha imizi,
Imizi yamadoda.
Siphundu kawuɓoni ngani,
Sisila sivutha ilangaɓi lodwa,
Kwiya! kwiya! kwiya! Unodumo!
Mzizima ovela kwakuɓi,
Nqayinqayi wezinyoni zonke,
Moyoya ovunguza imihla ngemihla,
Ovunguza uɓangenele ezindlini,
Oɓalele naɓa hlezi kufana,
Phela lendlela nawo kungawe ndleɓe;
Nyawo zilula,
Saɓela maphumase,
Zimawa, zimakelekethe,
Mvuzo waɓo ɓonke,
Mduduzi wezishimane,
Nhliziyo ɓomvu njenge langa.
16. Intakansinsi!
Ehlala emagcekeni.
Angi qedi nezo kwephuka uphiko,
Inkosi enamanxeɓa emkonto;
Yembuthe umkonto njengo bedu
ɓeyidla, ɓeyidonsisana.
Isigoloza simehlo angolo;
Esikhangela amasoka,
Sakhangela izishimani,
Mwelela kwezikude!
Hlavana lunjenge langa liphuma,
Siphu, siphu, giya nodudu.

/Iziɓongo.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Izi6ongo zehawu

Umxotshi womuntu,
Umaga6ela amnyama,
Namhlophe,
Amxotshele futhi,
Nginithanda seku6ambene impi,
Ama6utho etha6athana,
Emsingisa umuntu,
Emsingisa lapha lishona khona,
uSilwane helele, emzini wa6antu.
17. uSilwane u6enduna e Dibandlela.
Ubincakade, waze wafunyaniswa,
Ovunulele lishona,
Wavunula liphuma,
Lashona nezindunu zamadoda,
Laphuma nemizi wamadoda,
Ukhozi lubula amaphikho,
Kwezwa khala ukuvuma, kwa mawa,
Inkunzi imanxe6a nxe6a,
Umomela igazi lamadoda,
Umenzi wezinda6a.
Utshani 6ude, 6uzokugi6anisa,
Uxe6e, engimbone ukwehla,
Kwazamawa,
Kwathi kusasa, yasha imizi,
Okangele enzansi, ukubeja kwe langa,
Ikwezi lekusa,
Unodada obula amanzi, igazi,
Izinkomo za6uya zikhala,
Uvemvane oluma6ala azibadu
Ngi6engiyaluthinta lwahwaqa6ala,
18. Izinkomo za6uya zika Sihayo,
Kwaye kwalandela nezika nda6a,
Ezazisengwa indiki yakwa Mavela,
Ahamba e6asa etshiya amaxo6a.
Apehlwe weva, wanjengo mlilo.

/Kwakungasa...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwakungasa khali nkomo, kwa ntombazane,
Inkomo yayi sikhala kuthi kwa Zulu,
Umaswezisela wakithi kwa Zulu.
Oswezisela izizwe zonke magqanqula,
USitshaya ndlondlo, ka Mjokwane.
U6usika nehlo6o 6uyafana,
Izikhali, izikhali ezama6utho.
Inkonjane ekwele phezu kwezindlu,
Ikwele phezu kwezindlu zasha,
6athi iyahlola,
Indlovu ethe imuka kwezwakala,
6a6e yilandela a6akwa nda6a,
Isikhukhula sika mame za6etshatha,
Othe esadla ezinye, wadla ezinye,
Wathi esadla ezinye, wadla ezinye,
Othe esadla ezinye, wadla ezinye,
Wathi esadla ezinye, wadla ezinye,
19. Wa gedageda izizwe!
Uyakuhlaselaphi na?
He! uyakuhlaselaphi na?
Wahlula amakhosi!
Uyakuhlaselaphi na?
Wagenela izizwe!
Uyakuhlaselaphi na?
He! He! He!
Uyakuhlaselaphi na?
Zulu laphela no6uhle.
Itshe lika gingqimpisi!
uJama ehlungwini!
uZulu laduma o6ala,
Lapho kunge munga, kunge mtolo.
Umafa vuke njenge daugamane.
Usigxo6o kasigugi,
Usiphephela sami ngiyasesa6a,

/Inqanawe............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Inqanawe ka ndaɓa.
Usithunga aɓantu ndaɓa!
Usiɓulali izwe zulu!
Unogandayi waqotha imbokodo, nesisekela.
Unomaxonxo, usela tshwala ɓuyaɓila,
20. Umlaza uzosala ezintanganeni.
Umpukane eziɓindiɓindi.
Ugqamu njenge langaɓi.
Umɓaɓazi we nhlamba,
Emzileni wezinkomo zika Ndwandwe.
Utshani oɓumpilipili;
Usambane esimba umgodi singawulali,
Ulalwe amaɓutho.
Umalambo odla itwayi, izindaɓa,
Umalambo adla itwani,
Lezinkomo zika Mzilikazi.
Inqanawe ka Zulu.
Umlambo ka Nyathi!
Ongekufa nga madliso,
Unyoni yezulu,
Eyakhalela uZulu.
Umzaca, okhomba amaSwazi,
Umwelela kwelipheshoya
Uthulisa uzulu amangale.
Inkomankoma isembizeni,
Nkomo zaya eHluhluwe, zaɓuyelela
Zaɓuya, sezinembali yamazwe.
Nkomo zakuphuka,
21. Zitwele iningizimu, nangezimpondo;
Ziyaɓuya,
Sezithwele inyakatho, nangezimpondo.
Uzitho zimagwegwe,
Amagaɓela.
Onge ɓende ɓezingwe noɓe zingonyama,

/Onganga..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Onganga ma6uya ezizi6a nolwandle noTukela.
uSaka lukalweni, enhlanganisweni,
Lapha kuhlangana khona imifula,
Kanye neya6afo,
Kanye neya6afokazane.
Ha! naziya! Hoyi 6alele!
Zhi - i - ihi.
Naziya! Wo-hi. 6alele!
U6uhle 6esekhumba,
U6uhle 6enkomo,
Umbala okhethayo,
Izinkomo zenkosi zaphela,
Uzulu wahlasela,
Za6uya ezinkanda6a,
Za6uya nemi6ala yazo.
22. Wena 6uhle 6usicijela impi,
Mavusa inkosi uhlanya,
6uhle 6ukazulu 6uphelele,
Lapho, Zulu, aphelela khona,
Usalele emuva,
Usalele u6uthongo,
Usalele ukwala,
6uhle 6enkosi 6uyesa6eka.
Inkomo ekhala emthonjaneni,
Izizwe zonke ziyizwile,
Ama6utho egubaza,
Amakhehla awalala
Izalukazi zasa zikhala,
Izingane zacwaza,
Izinko6e azaxapha, ezinko,
Ama6utho ayi6ona indlela.
Kumnyama kuyesa6eka,
Kuya6a6azeka Zulu.
Ukuthula akusizi lutho,
Safa, safa, Zulu.

/Uzithulele..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713 K13/21 15

Uzithulele ka qali muntu,
Izwe lonke liya mazi, Zulu,
Izinkomo zonke zizwakele ukuhla

23. Izi6ongo zewisa.

Umlamulankunzi,
Uvula indlela si6one,
Isiqwaga sisidwa likhanda,
Umlalisa madoda,
Omame 6asa 6emangele,
Umajukujela nkone,
Inkunzi empondo zinde.
Itshe lika gingqimpisi!
Uzulu ephelele ehlungwini!
Ukhonto engenandawo yokusolwa;
Uma6uya ngonyezi,
Umkhonto ungasa6oni.
Uthanda amashunga,
Uthanda a6anumzane,
Uzonda amagwala,
Okhuluma kuthi 'kuhle'! aphela amadoda
Qamu kuzinde izizi6a,
Ilanga eliphume linsizwa,
Lithi liphezulu linsasa,
Lifuna ukothiwa mzimbazimba.
Ojame ngo6uhle u6uso.
Izizwe ziye sa6a ukumehlela,
24. O6uso 6u6uhle njenge tshitsho,
Uma ndiza wavula indlela.
Ndonga zelanga,
Zimawa, zi6ushelelezi!
Ngiyazi6iza, ziyesa6ela,
Zisa6ela kumasoka, zisa6ela kumashunga, enkosi,
Ancima imizila yamakele.
Waye waliphiwa, unina noyise,
Ulaka ngiyalwesa6a,

/Izwe..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Izwe lizo6aleka lonke;

Ungungwini uzo6uya,

Izwe lizo6aleka lonke,

Umnqamula a6antu amahlambi,

Onjengo zulu ephelele.

Unkomo ziyamesa6a,

O6ikwa emanxulumeni,

Nga osididi sa onina;

O6ikwa kwaliwa,

O6ikwa ukuthandwa.

Mawisa, wisa akwasala lutho,

Nyoni emakhandakhanda,

Mkhandi kwezinde izizi6a.

25. <u>Inkatha yezwe</u>

Miningi imku6a eyaye nziwa kwa Zulu kusa 6uswa. Izimpahla ezazi nqunyiselwa a6antu, ibu6esi, nengwe, negwalagwala, 6ese ku6a umncaka, amaqanda a6omvu, o6uhlalu; nemfi6inga, u6uhlalu o6umpofu, no6usenga, o6u6omvu, 6ese ku6a unkangala. Amangxotha ke wona ayefakwa amadoda amakhulu.

Impahla eyayi hlala emzini wenkosi, ngasenhla, inkatha yomuzi; nentelezi; no 6uhlungu 6enkosi; nokwazi kwa ngasenhla, nomkonto wempi; nenduku yempi. Lenduku yayi khomba ngayo inkosi uma kuphuma impi. Nozwathi lomuzi lokwenza umlilo; nembazo yomuzi. Inkatha yezwe lena yayenziwa inkosi kuphela. U6ukhulu 6ayo 6ungango mlenze ngenzansi. Imbo6o yayo ingango mzimba womuntu. Inkatha ithandwe ngotshani yonke, 6omvithi. Kwenziwa izinduna zenzela inkosi. Kuhlatshwa inkomo uma isizothethwa
26. esi6ayeni. Kwakuthathwa izi6i zamadoda la6e hlezi khona uma kukhulunywa izinda6a ezinkulu zezwe. Zi6uthwe 6ese zihlanganiswa 6ezigotshwa zenziwe inkatha yezwe. Ithi uma isiyenziwe u6oshwe ngesikhumba senhlwathi. Isinidwa ngensila yenkosi. Isilungiswa izinyanga ngemithi. Insila yenkosi iyaphaqulwa, inkosi ukuze ivele. Iyayi6uthwe phansi, 6ese ithela esitsheni. Izi6i zamadoda zazi6uthwa njalo zide zihlanganiswa nezakuqala.

/Inkatha...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkatha yezwe yayi hlala exe6eni. Ihlala endlini yayo ngaphakathi esigodlweni. Yayi ngasuki lapho. Kuleyo ndlu kwaku6ekwa yonke impahla yenkosi, neminye imise6enzi yenkosi. Inkatha yezwe yayinga lahlwa noma inkosi, ingafa inkatha yona yayisala njalo ingalahlwa. Kwakuthi inkosi elandelayo i6use ngaleyo nkatha.

27. Inkatha lena yenzelwa ukumisa umuzi nesizwe senkosi. Ngokusonga inkatha kwakuthiwa kusongwa a6antu uku6a 6alalele inkosi ya6o. Yayithandwa njalo ihlangeniswe ukuze na6antu 6a6emunye, 6angahlakazeki, 6acitheke, 6angayi ukuyokhonza ezizweni ezinye, kwamanye amakhosi. Inkosi yayi yihlonipha inkatha, ingagezeli kuyo na.

Inkatha yayinga khishwa mhla kuphuma impi, nanxa kudliwa izinkomo zomzimu. Kwakuthi uma inkosi ifuna ukuphaka impi i6ize ama6utho, 6esekunqunywa ilanga loku phaka impi. Ama6utho asezonqunyelwa ilanga lokuphalaza, wonke azophalazela emgodini, oseduze nenkathayezwe, noma lapho kwakukhona inkatha yezwe a6uye yathuthukiswa. Kuzakuthi emgodini izinyanga zifake utshani phakathi, lo6utshani 6uthathwa eminyango yezindlu yizo

28. izinyanga zenkosi. 6a6elashwa u6uhlanzo 6ama6utho. Kuzakuthi uma izinyanga sezi6elaphile zi6unike izinduna uku6a zi6use lakukhona mkatha yezwe.

Ukulahlwa kwezi khali zamakhosi.

Izikhali zamakhosi azilahlwa lapho kulahlwe khona isidumbu senkosi. Kwakukhethwa indawo lapho x izikhali zamakhosi ziyolahlwa khona kwaku khethwa inta6a. Leyondawo yayi hlonishwa kakhulu. Uma kufike izinja zixosha inyamazane ya6aleka yaya kuleyo ndawo lapho kulahlwa khona izikhali yayi yekwa kuleyondawo kwakungashiswa. Kwa kuhluma utshani 6u6e 6ude impela. Uma kufe enye futhi inkosi ziyolahlwa khona futhi kuze ku6e yinqwa6a. Kwakukhethwa indawo enehlathi elikhulu lapho zi6ekwa khona izikhali zize zi6olele khona lapho.

29. Umazilahlwa lezizikhali, ziyelashwa kuqala izinyanga, ukuze kuthi nomuntu ogangayo ngazo a6onakale, avelelwe umhlola umzini

/wakhe............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wakhe. Umuntu odle inyamazane efele enta6ani yezikhali waye phenduka uhlanya, uma engavelelwanga omunye umhlola emzini wakhe. Lokukwakweziwa izinyanga zezikhali.

Izikhali zamakhosi, lezi ezilahlwayo ziyinqwa6a. Ngo6a ku6afe leyonkosi, kulahlwa inqwa6a. Izikhali ku6e ezazi kandwa izinyanga zawo, lemkonto eyayi nga6iwe. Uma inkosi iphuma, iyakwelinye ikhanda, imkhonto yayo, i6izophathwa itshumi noma amatshumi ama6ili a6afana, a6atwala amacansi enkosi. Umkonto wenkosi eyayo ayiziku6a mningi no6i i6em6ili noma munye. Ukanye nalowo ogwaza izinkomo zomzimu (omkhulu, oymaboqo).

30. Lemkhonto uzohlala endodaneni enkulu, ezawu mela umhla6a. Ukhona imkonto wokuvakasha inkosi i6isi phathwa izinceku ngamuhlanu ngamhlanu. Iphathwe zinceku noma zi itshumi. Iyoke lemkhonto eyolahlwa enta6eni yezikhali mhla inkosi ifayo. Imikhonto kayingeniswa egodini lomuntu. Yona ilahlwa kwenye indawo.. Loku kwenzelwa ngo6a uma umuntu esevuka ese6a yidlozi uma embelwe nemikhonto uya6ulala a6antu. Phela umuntu kwakwe thenjwa ukuthi umuntu uvuka a6eyidlozi inyoka. Uma umuntu elahlwe nezikhali anga6a yinyoka enolaka i6ulale a6antu. Uma umuntu kwaku 6onwa nenkomo efele esi6ayeni kuthenjwe ukuthi i6ulawe amadlozi inxe6a layo ali6onakali ngaphandle lifumaniswa ngaphakathi kuphela.

Uma umuntu efile imikhonto yakhe, iyakhwa endlini yofileyo
31. inikwe inkosana yakhe, iyoma ngayo egodini lakhe. Ayinikwa omunye umuntu. Kuzakuthi umakuqalwa ukumbiwa igodi imikhonto i6ekwe phansi, sekuzo thathwa igeja, isihla6a ngalo egodini. Iyona eqala ukuhla6a igodi. Kuyakuthi uma esehla6ile asethatha umkhonto amenawo njalo. Kuzakuthi 6emba la6a a6anye yena a6amele nomkhonto kayise. Kuthi kungaqedwa sekuhanjwa kuyiwa endlini. Kuzakuthi uma xxakxa6xlaxxxx inkosi isizokhishwa endlini isiwe egodini kuqale ku6ulawe umuntu, kuvama ukukhethwa ezincekwini zayo inkosi o6ulawayo. Uyena ozofakwa kuqala egodini endlalele inkosi. Kwaye kuthi izinto zenkosi eyayivumula ngazo zivunule amakhosikazi ayo amakhulu uma kuyiwa egodini. Kuthi uma se6eyifaka egodini 6ese 6ezifaka nazo.

32/Umuthi......

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

32. Umuthi wa6antu

Inguduzo:- Lomuthi ucatha a6antwana. Uma umntwana enomkhuhlane ucatha ngawo. Kumbiwa impande kucathwe ngayo, ifakwe amanzi i6iliswe.

Amagxolo omtholo: Lomuthi uyacatha omdala na6encane ulungisa, isisu uyadonsisa impela ikhipha namathekethekе eqolo.

Ungcolosi:- Lomuthi owokuhlanzela a6anye uma ufuna 6a6e nesinyama 6aphenduka 6a6emnyama 6amile izinduna ezinkulu.

Ugi6azwela:- Lomuthi owokuhlanza a6antu a6akhulu. Uletha isithunzi ku6antu a6ahlanza ngawo. 6ageze ngawofuthi.

Ummemezi:- Lona umuthi wokukhipha amaphupho. Kanti futhi 6aya hlanza ngawo 6ahlanzele izintombi. Intombi a6anye 6ayiphonsa ngawo ummemezi.

33. Ubububu:- Lona umuthi ohlanza izinsizwa nezintombi zifuna u6ulawu na6adala ase6eganiwe 6ayahlanza ngawo. Ufumaniswa eduze nezinta6a emaxaphozini.

Amagxolo omtholo wehlanze:- Lona kuyahlanzwa ngawo, kodwa uvuselana izinduna. Uma umuntu enyongo uhlanza ngawo uyikhiphe. Kuxetshulwa amagxolo awo.

Icimamlilo:- Lomuthi iwona umuntu ezigquma ngawo, uma ezikhipha isidina. Usetshe ziswa kakhulu zinsizwa nezintombi zifuna ukulungisa igazi lazo. Uyahlanza futhi lomuthi. Kumbi isigaxa sawo sigxotshwe sifakwe emanzini a6uthuku. Uhlanze ngawo usupholile.

Izigi6a nyongo:- Lomuthi uhlanza a6antu, a6akhulu wenza isithunzi kumuntu. Kumbiwa isigaxa sawo sifakwe emanzini.

34. Insulansula:- Lomuthi uhlanzela u6ulawu izintombi nezinsizwa. Futhi uyaye uxutshwe nezintelezi zokucela ekhaya.

Udlutshani:- Lomuthi uhlanzela u6ulawu, unezimpanjane ezincane ezixotshwayo zifakwe emanzini. Utholakala ezinkangala.

Isho6a lenyathi:- Lomuthi uhlanza izinsizwa nezintombi ufumaniswa ezinta6eni. Kuhlanzwa ngempande yawo. Uhlanzela u6ulawu.

Uvimbukalo:- Lomuthi owokuzigquma uma umuntu ezikhipha isinyama. A6uye ahlanze ngawo.

/Intolwane........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Intolwane:- Lomuthi awokuzigqguma nokuhlanza uma umuntu ezikhipha sinyama nesidina. Uya6a6a kakhulu.

Umsilinga:- Lona impande yawo yelapha a6aphethwe umpimbo.

Umnqandane:- Ku6ethelwa ngezinduku zawo, Impande yawo ivula osevalekile esidodeni.

35. Ikhakhasi:- Lomuthi isiqu sawo siyadliwa a6afana, Impande yalo yelapha amazinyo a6agulayo.

Umgunguluzane:- Lomuthi udliwa a6afana uma6eluse ezinkomo, unezi nhlamvana ezithi zingavuthwa zidliwe. Impande zalomuthi ziyacatha.

Uhlazane:- Lomuthi welapha, a6aphethwe izisu. Kugxotshwa amacembe awo.

Ishaqa:- Lomuthi kudliwa, amacembe awo adliwa a6afana 6ezinkomo. Impande yawo yelapha amazinyo.

Isimunywane:- Lomuthi kudliwa, amacembe awo, amantombazane amacane ezengawo utshwala edlala.

Utshwala 6enyoni:- Lomuthi kudliwa amacembe awo. Izingane zenze utshwala ngawo.

Umbido:- Lomuthi, uyadliwa a6adala na6ancane, kwenziwe ngawo isija6ane, nomfino. Kudliwa amacembe awo.

36. Uqwayimba:- Lomuthi kudliwa amacembe awo. Kwenziwa ngawo isija6ane, nemifino. Udliwa a6adala na6ancane.

Isikwali:- Lona umuthi wa6antwana umaphethwa umkhuhlane na6adala. Uyacatha.

Ikhathazo:- Lona umuthi wamacala, nomuthi womkhuhlane, wenziwa isiphungo.

Impunyu:- Lona umuthi wokucela ekhaya. Nomuthi wokuhlanza ulungisa igazi.

Umthala:- Lomuthi umila, emfuleni uyelaka izintambo, wenza imshayelo. Izimpande zawo ziyadliwa a6afana.

Amagonsi:- Lomuthi kudliwa izimpande zawo.

Incecane:- Lomuthi, a6afana 6enza ngawo iziswebu, zokwelusa izinkomo. Futhi wenza izintambo zoku6opha izintunga.

Uzi:- Uzi luyaxetshulwa emithini lenze izintambo zokweluka amacansi.

37/U6ukwe6elezane....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

37. Uбukweбelezane:- Lomuthi uvama ukumila ezinkangala emagqumeni, kudliwa izinhlamvuzawo zingavuthwa zeбeбomvu.

Umsoбo:- Lomuthi, kudliwa izinhlamoni zawo uma sezwuthiwe zamnyama, amàcembe awo enza isijaбane.

Ugqumgqumu:- Lomuthi uvama ukumila emasimini, kudliwa izinhlamvuzawo.

Ushevu:- Lomuthi ufana nogqumgqumu kodwa wona awudliwa. Uбulala izimvu. Nomuntu angawudla uyafa.

Inkonkowane:- Lomuthi ufana nekhowe, kodwa wona awudliwa. Uyafa umuntu.

Ikhowe:- Lomuthi uyadliwa wona ufana nenkonkowane.

Isende lenja:- Lomuthi, awudliwa umuthi angafa. Noma uhlamvulawo aluthintwa.

Intuma:- Lomuthi awudliwa, uyaбulala. Aбantu бadlisana ngawo.

38. Ijoye:- Lomuthi uthanda emakhaya. Amacembe awo athoбa umuntu ovuvukele. Awudliwa umuntu angahlanya. uHulumeni akalifuni.

Umduze:- Lomuthi uyathoбa aбavuvukele. Futhi lomuthi uyacatha.

Ucucuza:- Lomuthi amacembe awo uma ucemncane axatshwa nesijaбane sombido. Unameva amaбi anamathela eбoyeni бenzimvu. uHulumeni akawufuni.

Ugudluthukela:- Lomuthi unamwa amaбi, ahlaбayo uyakhathazi eбoyeni бezimvu. uHulumeni akawufuni lomuthi.

Igquma:- Lomuthi unamwa ahlaбayo, ufana nawo ugudluthukela, wona uбoya бezimvu.

Inkunzane:- Lomuthi uyahlaбa impela. Awunasizo.

Amakhungela:- Lomuthi uyahlaбa. Umuntu ohamba ngezinyawo awamshiyi.

39. Inqaqaбulani:- Lomuthi, unamwa ahlaбayo, ufana nentuma kuyelashwa ngawo. Kanti futhi umuthi oбulalayo.

Uhlanguhloshane:- Lomuthi umuthi wezulu, umaliduma. Umuntu ukhawona awuphathe.

Isikwali esimhlophe:- Lona umuthi wokuhlanza, uhlanzela uбulawu lomuthi. Uma umuntu enephupho ~~w~~ uhlanzangawo.

Iziphephane:- Lomuthi uyadliwa, kudliwa imbali yawo.

/Imfe................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Imfe yamaxoxo:- Lomuthi kudliwa izindukwana zawo.

Isona:- Lomuthi muɓi ngoɓa umila emasimini, uthi ungamila umbila uphele.

Uhlwazi:- Lona umuthi wokuhlanza uhlanzela uɓulawu. Umnandi ufana nomondi.

Umondi:- Lomuthi wenza umuntu athandiswe ukudla. Uyadliwa uvula inhliziyo.

40. Umakhangeza:- Lomuthi muɓi impela uyimbiza, awuphuzwa emini uphuzwa eɓusuku ngoɓa uyadakana.

Umpompo:- Lomuthi uyimbiza nawo futhi. Akuyona imbiza ephumayo iphelela esiswini.

Uɓangalala:- Lomuthi udliwa amadoda anesithembu, nezinsizwa ezinezintombi ukuze ziɓenamandla njalo, kwaɓesifazane.

Udelanina:- Lomuthi, owokudliwa, uyahlanza futhi. Uhlanza izinsizwa nezintombi.

Iwozawoza:- Lomuthi owokuhlanza uhlanza izintombi nezinsizwa, zifuna udumo, naɓantu aɓafuna aɓantu ngemiseɓenzi yaɓo.

Usofa silahlane:- Lomuthi kuhlanzwa ngawo kuhlanzelwa uɓulawu, futhi uyacatshwa. Kugaywa impande yawo.

Usigwayana:- Lona umuthi wokuhlanza izintombi nezinsizwa. Naɓoɓonke aɓalungisa igazi laɓo.

41. Uhlonzane:- Lomuthi, umuthi omuɓi, uthi ungakumikela ɓese uyafa.

Umfomfo:- Lomthi uyadliwa, unameva.

Umvuthwa mini:- Lomuthi uyadliwa uvuthwa uɓemnyama.

Izinhlelo:- Lomuthi uyadliwa uvuthwa uɓeɓomvu. Uyaɓambana uma uwudle kakhulu.

Izitwakuɓomvu:- Lomuthi uyadliwa uvuthwa uɓeɓomvu.

Isidunwane:- Lomuthi uyadliwa umila emahlanzeni.

Amanombela:- Lomuthi uyadliwa umila emahlanzeni.

Amajingijolo:- Lomuthi uyadliwa umila emahlanzeni.

Izindoni:- Lomuthi uyadliwa, umila emahlanzeni.

Izinongwe:- Lomuthi uyadliwa, umila emahlanzeni.

Ikhununu:- Lomuthi uyadliwa.

42. Amathungulu:- Lomuthi, uyadliwa.

/Iciye..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Iciye:- Lomuthi awokuhlanza kuhlanza ngezimpande zawo.

Ugodide:- Lomuthi, umuthi wokucatha.

Umhlungulo:- Lona umuthi wokuhlanza. Uhlanzela u6ulawu.

Uvela6ahleke:- Lona umuthi wokuhlanza. Uhlanzela u6ulawu.

Uphephelelangeni:- Lona umuthi wezinsizwa, nezintombi, zihlanzela u6ulawu.

Unsukumbili:- Lomuthi, owokucatha uma umuntu engaphilile, elungisa isisu.

Udumaphansi:- Lona umuthi woku elapha uphathwa izinyanga. Uma kuvele umhlolo ekhaya kwelashwa ngawo.

Ingwavuma:- Lona umuthi wokuhlanza, kuhlanzelwa u6ulawu.

Isisevo:- Lona umuthi wokudlisa a6anye uyi mbiza futhi.

43. Isimongotho:- Lona umuthi wezinyanga ezi6ulala ngawo a6antu, na6athakathi.

Imfeyenkawu:- Lona umuthi wokuhlanza uma umuntu enesifu6a esi6i. Uhlanzela u6ulawu futhi.

Inkomankoma:- Uma umuntu enezilo wayephuza lomuthi, uyimbiza.

Umopo:- Lomuthi umuthi wokwelapha umakushoniwe ekhaya. A6anye njalo 6elaphe okunye ukufa.

Uhluze:- Lona umuthi wokuhlanza uma isifu6a singalungile.

Umnungguma6ele:- Uma umuntu e6ulawa amazinyo, umuntu uxuba ngalomuthi.

Injambe:- Lomuthi, umuthi wokwe lapha a6antu a6avalekile esidodeni. Futhi umuthi odliwa amadoda anesithembu. Futhi welapha amazinyo.

Umkhambathi:- Lomuthi, welapha imizi yamadoda.

44. Umhlakuva:- Lomuthi, uyimbiza uma umuntu enehlwala uphuza wona lomuthi, uyimbiza, uyisihla6u esihle impela.

Umkhokha:- Lomuthi uyadliwa.

Umalilisa:- Lona umuthi wokuphonsa izintombi. Uhambelana neha6iya. Umuthi wokweshela owaziswa izinsizwa.

Uvendle:- Lona, umuthi wezinsizwa, eziphonsa ngawo izintombi, nawo futhi uhambelana neha6uya.

Unhlangothi:- Lona umuthi ophathwa izinyanga ezelapha ngawo umakuna6athakathi, a6ahamba ekhaya.

/Uzi6uthe............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

Uziбuthe:- Lona umuthi wokuhlanza izintombi nezinsizwa zifuna udumo. Uziбuthe unhloбo mbili.

Amasethole:- Lona umuthi wokwe lapha izingane, umazikhishwa amasi esiswini. Uyimbiza, uyacatha.

45. Umphindisa:- Lona umuthi wokwe lapha. Izinyanga ziyawazisa impela.

Ilaбatheka:- Lona umuthi wokwe lapha futhi. Kanti futhi uyaбulala.

Uvutha:- Lona umuthi wokuhlanza uma umuntu ekhipha umuthakathi.

Ubeka mina ngedwa:- Lona umuthi wokuhlanza nowokumisela uma umuntu engatholi noma ethola amantombazane odwa. Ukuze athole umfana uyanuselwa.

Umafavuke:- Lomuthi uyintelezi kanti futhi uyacatha.

Umdlangwenya:- Lona umuthi wokwe lapha. Kanti futhi lomuthi owokudlisa.

Umazwendo:- Lona umuthi wokwelapha ezinhlanya. Ziyahlanza ngawo, futhi lomuthi uyacatha.

Udukanezwe:- Lona umuthi wokuбulala nokuloya aбanye. Umuntu aбamudlise lomuthi uбanohlanya aduke nezwe.

Usokalakwa Zulu:- Lomuthi owokuhlanza. Uhlanzela uбulawu kanti

46. futhi nenyongo uyayikhipha.

Untombikayimbinci:- Lona umuthi wokuhlanza. Uhlanzela uбulawu izintombi, nezinsizwa.

Imbiza emnyama:- Lembiza isiza uma umuntu enomkhuhlane. Iyalungisa esiswini, ikhiphe inyongo.

Imbiza emhlophe:- Lembiza iyafana nayolena emnyama. Ikhipha inyongo.

Aбaphaphi:- Lona umuthi wokuбulala aбanye aбantu, uhambelana nofufunyane.

Umdlonzo:- Lona umuthi wamazinyo. Uma amazinyo eбuhlungu umuntu uxuba ngawo.

Intwalaбombo:- Lona umuthi wokuphonsa izintombi nezinsizwa. Lomuthi uhambelana nofufunyane, kanye nehaбiya.

Umkhando:- Lona umuthi wokuhlanza.

47/Isigidi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

47. Isigidi:- Lona umuthi wokuhlanzela u6ulawu, uma izinsizwa zeshela zihlanza ngawo.

Umbola:- Lona umuthi wokucatha uma umuntu enegxwala uhlanzangawo acathe ngawo futhi.

Umhlakuva:- Lomuthi uyimbiza yokulungisa isiswi uma umuntu ekade equmbile noma ensisu esi6i.

Ungqengendlela:- Lona umuthi wokuhlanza kanti futhi lomuthi uyisiphungo.

Isidumo:- Lomuthi umuthi owaziswa izinyanga zelapha ngawo.

Isidikili:- Lona umuthi wokwelapha ingozi, futhi umuthi wokwelapha isilo.

Umaphipha:- Lona umuthi wokuhlanza, uma isisu singalungile umuntu uhlanza ngawo ekhipha inyongo.

Usehlulamanye:- Lona umuthi wokwelapha, futhi umuthi wokuhlanza.

48. Uvelangamoyeni:- Lomuthi mu6i impela uya6ulala. A6antu 6a6ulalana ngawo.

Amangwe:- Lomuthi nawo mu6i impela umuthi woku6ulala. Futhi izinyanga ziyelapha ngawo lomuthi.

Iphophoma:- Lomuthi owokwelapha wona. Izinyanga ziyawazisa impela kakhulu uyacatha.

Udelunina:- Lona umuthi wokwelapha a6antwana, kanti futhi umuthi wokuhlanza izinsizwa nezintombi, zifuna u6ulawu.

Umnandiloveshe:- Lona umuthi wokuhlanza izinsizwa nezintombi, uma zifuna u6ulawu.

Uma6ophe:- Lona umuthi woku6ethelela izintombi uku6a zingashiyi amasoka azo.

Umzilanyoni:- Lona umuthi wokuhlanza izinsizwa nezintombi uma zisusa isinyama. Uhlanza uma ukuthi kade kushoniwe ekhaya.

49. Imithi esithakiwe yezinyanga

Isiwiso:- Umuthi wokuphonsa izintombi ishaywe uvalo yesa6e njalo. Awunangozi.

Udelakhaya:- Umuthi wekwenza umfazi angamuki ekhaya umbethelele ngawo.

Isi6ambelelo:- Umuthi wezintombi lona, uyayi6amba ngawo, 6ese ikukhumbula njalo.

/Uziyamlandela...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uziyamlandela:- Lona umuthi wezintombi unophondo lokuzi khatha ngawo izintombi zonke zikhale ngawe.

Ufufunyane:- Lomuthi uyadliswa, kwenye ikathi uyeqiwa, umuntu aphenduke uhlanya.

Uzi6uyele:- Lona umuthi wokuthi, uma umukelwe intombi noma insizwa uyi6ize ngegama ukhife ngawo e6usuku, yozi6uyela noma umfazi.

Unyuku6ala:- Lona umuthi wesinyama uma intombi imalile umuntu uyifaka unyuku6ala yaliwe a6antu.

50. Insizi yamasoka:- Lomuthi usiza umuntu uma 6emu6ekele entombini noma kuma khosikazi asheshe ukululama.

Udukanezwe:- Lona umuthi wesicitho uma umuntu 6emxosha ekhaya 6amdwe6ela ngawo emuke angaziwa ukuthi washonaphi.

Umphuphiso:- Lona umuthi oyisi6ango wokushisa imizi yamadoda nezikwama za6athakathi.

Isihlangu samadoda:- Lomuthi owokuvikela a6antu uma6efuna ukukudlisa usheshe uzwe uwuhlanze lowomuthi.

Ifindo lika thekwane:- Lomuthi owoku6ethela ekhaya uma ufuna uku6amba umntakathi, nezinto zakhe ekhaya.

Elomkhandlu:- Lomuthi owesithunzi, uma uphakathi kwa6antu. Noma unecala ukwenza isithunzi.

51. Uthandanani:- Lomuthi owa6anumzane a6anesithembu. A6anye umziwa6o 6awuphatha ngalomuthi.

Umphumelela:- Lomuthi uvama ukuphathwa a6antu emse6enzini 6efuna ukwaziwa, 6athole iziqu.

Isicitho:- Lomuthi uphathwa izinsizwa namadoda 6ecitha imizi yamanye amadoda.

Amabu6esi omoya:- Lomuthi wona u6uyisa umfazi uma esemuke ekhaya. Uma umponsangawo uya6uya.

Izikhonkwane zomuzi:- Lezi izikhonkwane izifakwa ukuthwasa kwehlo6o ukuze izulu linga ngeni ekhaya.

Unduku-enhle:- Lomuthi ungumhungo. Noma ingakuphi intombi uma uyi6iza ngegama ingashayeka ngokushesha. Na6athakathi 6awungula ngawo.

Amanzi amhlophe:- Lomuthi kuhlanzwa ngawo wenza isithunzi.

52/Amafutha...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713 K13/21

52. Amafutha ezilwane nemise6enzi yawo.

Awendlovu:- Lamafutha anukisela impi ukuze a6antu 6angesa6i, 6angadinwa ukuma nokuhamba. A6antwana 6akwa (Ndlovu) 6anukiselwa ngawo ukuze 6aqine.

Awengwenya:- Lamafutha anukisela impi ukuze ama6utho a6enesi6indi esikhulu. A6antwana 6akwa (Ngwenya) 6anukiselwa ngawo ukuze 6aqine.

Awenwe:- Lana amafutha anukisela izinkomo ukuze zikhumbule ekhaya.

Awemvu6u:- Lana amafutha anukisela izinkomo ukuze zikwelwe. Umuntu uma efuna inhlanhla unukiselwa ngawo noma azikhathe ngawo.

Awonikhomo:- Lana amafutha okukhanyisa, namafutha wokwelapha a6adlisiwo uku6a kuphume isifu6a.

Awebu6esi:- Lana amafutha okwelapha impi nenkosi ukuze i6enesi6indi noma yesa6eke nempi ukuze ingesa6i ku6e ngamashinga.

53. Akaxamu:- Lana amafutha esisila umuntu u6anesinyama njalo. Uma umuntu 6emfaka isinyama 6axu6a nawo.

Ehlongethwa:- Lana amafutha enhlanhla. Uma umuntu anecala ase6enzise wona, akhathengawo.

Awenhlwathi:- Lana amafutha okwelapha izinkomo uku6azingalahleki, zingehlukani futhi njalo zi6uthise ndawonye.

Awesambano:- Lana amafutha esithunzi, uma umuntu efuna ukwesatshwa uzikhatha ngawo.

Awomkhovu:- Lana amafutha okuloya uma umuntu 6emposa ngofufunyane 6athaka kanye nawo.

Akatikoloshe:- Lana amafutha okuphonsa izintombi, uku6a ingamudeli umuntu. Amafutha okumisa umuzi.

Awendlondlo:- Lana amafutha anukisela ama6utho uma ephuma impi ukuze a6enola impela.

54. Awendlovu dawana:- Lana nawo kusoyi wona wokwelapha izulu. Mahle futhi uma kufinywa kwenzelwa izulu lingoni.

Undaka wendlovu:- Ziningi izindlela zokuse6enzisa lomuthi. A6anye 6a6ethela ngawo a6anye 6aphonsa ngawo ngezulu.

Itshelengwenya:- Lelilitshe 6alise6enzisa uma 6efuna izihlungu ukuze umuntu noma umuthintile afe aphele masishane.

/Nese.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nese kuбokeleni бayaliseбenzisa.

Isikohlela sempofu:- Lomuthi muhle ekunukiseleni izingane ukuze zingaheбuli kakhulu uma kuyiwa eningini.

Inhliziyo yenqomfi:- Lona umuthi wekuphonsa izintombi ngehaбiya. Nangofufunyane uyaseбenza lomuthi uyathakwa.

Inhliziyo yenqe:- Lona umuthi wokuphonsa ngofufunyane. Umuntu ophonswe ngawo uphuma eбusuku ayozilahla emaweni.

Amafutha enсimango:- Lana amafutha okwelapha indleбe uma iбuhlungu.

55. Awemamba:- Lamafutha anukisela izinja ukuze zilume impela. Kuthi noma yini eбusuku eziyiбonayo zingayishiyi.

Awumkhononodaka:- Lana anukisela izinkomo ukuбazando. Kwadwa ziyaye zizace. Aбathakathi ukuze бanga бonwa бazikhatha ngawo.

Awenyengelezi:- Lana amafutha enhlanhla uma umuntu efuna ukuphumelela, uzikhatha ngawo noma eyontshontsha angaбonwa.

Awemfundama:- Lamafutha unukisela ngawo izinkomo ukuze ziqine, zikhuluphale naseбusika.

Ungazinde:- Lomuthi uphuma igazi unjengo mhleбe, kuyancindwa ngawo, kwe lashwa ngawo.

Ugoбandlovu:- Lomuthi owokuбulala бabulela ngawo aбanye ngawo.

Uvuma:- Lomuthi umuthi wokuhlanza. Uhlanzela uбulawu nentando.

56. Isikhumba sendlovu:- Lona umuthi wempi. Uyintelezi yempi uma iphuma.

Isikhumba sikaxamu:- Lona umuthi wokwelapha isandla uma umuntu simuбulala. Sifakwa ezingalweni.

Isikhumba senhlwathi:- Lona umuthi wokunukisela izinkomo ukuze ziбe nokukhuluphala futhi zikhumbule ekhaya.

Isikhumba sembuбe:- Lona umuthi wokushunqisela impi. Kwenzelwa ukuze impi iqine amadoda aбanesiбindi.

Isikhumba sengwenya:- Uma umuntu enesifuбa unukiselwa ngesikhumba sengwenya.

Isikhumba semvuyamanzi:- Uma umuntu efuna inhlanhla uzinukisa ngaso.

Isikhumba semamba:- Uma umuntu eбanjwe yilumbo, бaye бamunukisele ngaso isikhumba semamba.

/Uбuhlungu...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713

U6uhlungu 6emamba:- Uma umuntu enelumbo, usizwa nga6o u6uhlungu 6emamba anukiselwa. Uma futhi umuntu emisa iqondo entombini.

57. Isi6indi sengwenya:- A6antu 6ayaloyana ngalomuthi. Umandla kakhulu ekudliseni. Umuntu akaphili mpela.

Usithundu:- Lona umuthi wamakhosi azelapha ngawo efuna isithunzi.

Umgakla:- Lona umuthi wamalumbo. Izimpondo zalenyamazane kubenywa ngazo igudu.

A6aphaphi:- Lona umuthi wokuloya a6athumela ngawo noma umuntu ekude.

Isidiyandiya:- Lona umuthi wokwelapha amakhosi ukuze a6enesithunzi uma ese6andla.

Udwendwelwengcuka:- Lona umuthi omu6i woku6ulalana. A6antu 6aphonsana ngawo.

Unhlangothi:- Lezi iziqungo zempi uma iphuma ihlasela ukuze i6enamandla.

Umadlavuza:- Lomuthi umuthi wamadoda, 6aye 6a6eke lane ngawo nezinsizwa. Umuthi wamalumbo.

58. Isi6indi singwe:- Lona umuthi wokuloyana. A6antu 6ayadlisana ngalo muthi kanti futhi uma umuntu 6emudlisile uyanukiselwa ngaso.

Isi6indi sembu6e:- Lona umuthi wempi a6antu 6ayasidla ukuze 6athole isi6indi uma seyilwa impi.

Izi6ongo zokukhala kombolo wezinkomponi.

Khala nsimbi lutshongo,
Khala nsimbi ya6elumbi, a6alumba
Izwe lakhithi, izwe lakwazulu.
Nonyokojo, mudodoshiya uya6onwa,
Nsizwa, e6onwa, izizwe ngezizwe,
Langa6i malo6i lo6i,
M6iki wezinda6a.
Yizolezo ezaxosha amadoda,
Yizolezo ezaxosha uNseleni,
Mngani kawujayelwa,
Mhla ngemhla uxosha amadoda,
Kanti amanye ayakuthanda.

Ujojolo, ugqamu ka6oni kwa Zulu,

/Udela...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s713 K13/21

Udela unina noyise,
59. A6antwana 6asale 6emangele,
Uvula indlela,
Unina na6antwana 6ayona indlela.
Sicolo, samila ekangala!
Luphondo luka bejane.
Umfukathi ufukethe a6antu 6enkosi,
Nyoni enodumo,
Amaphiko osindiso,
Nyoni yomthunzi welanga,
Amadoda nemize yawo, athokomele,
Yemuka imizi yamadoda.
Kuthena kusa wezwakala!
Kwathi emini wezwakala!
Kwathi iimathunzi ewukela wezwakala!
Wezwakala li6antu 6ahle,
Kwenzenjani mafukufuku,
6u6ula amadoda alindele.
Nogoloza u6adle,
Si6indi esimiyo.
Khala nsimbi ya6elungu!
Khala indodoshiya.
Maho6osha 6u6ula,
Amadoda alambile.

END 713

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.